

UKHOMISHANA WAKWA-SARS UQOKOMISE UMNOTHO ONGEMTHETHO EMCIMBINI WOSUKU LOMNYANGO WOKUTHELISA LWAMAZWE OMHLABA

PRETORIA, ngoLwesihlanu 24 kuMasingana 2020 – Namuhla uPhiko lweziMali eziNgenayo eNingizimu Afrika (SARS) lubambe umcimbi wokugubha uSuku lweMinyango yokuThelisa lwamaZwe oMhlaba, obanjwa umhlaba wonke mhla zingama-26 kuMasingana minyaka yonke.

Kulo nyaka, isiqubulo, esinqunywa yiNhlangotho yoMhlaba yeMinyango yokuThelisa owaziwa nge-World Customs Organisation (WCO), sithi “iMinyango yokuThelisa igqogquzela ukuzinza kuBantu, eMnothweni nakuPlanethi” (“Customs fostering sustainability for People, Prosperity and the Planet”).

Minyaka yonke usuku i-International Customs Day (ICD) luba kuMasingana mhla zingama-26 okuwusuku umkhandlu i-Customs Cooperation Council (CCC) eyaba khona neseshini yokuqala ngonyaka we-1953. I-CCC ithathe igama ezosebenza ngalo, i-World Customs Organisation (WCO) ngonyaka we-1994. Unyaka nonyaka, usuku lugujwa ngokwesiqubulo esikhethwa oNobhala be-WCO bese saziswa kuwo wonke amaLungu ayi-180 e-WCO.

UKhomishana wakwa-SARS, u-Edward Kieswetter, ngenkathi ethula inkulumo ngesiqubulo sosuku, ukhulume ngendlela lesi siqubulo esiwumongo wendima edlalwa uMnyango wokuThelisa ekuvikeleni umphakathi, ekusingatheni ukuhweba nokweseka ukukhula komnotho nentuthuko, kanjalo nokuvikela imvelo.

Ekhuluma ngokokuqala okuwukuvikela umphakathi, uKhomishana ukhulume ngemizamo yabakwa-SARS yokubhekana nokuhanjiswa kwezimpahla ezingekho emthethweni nokushushumbiswa kwabantu emingceleni yethu (umnotho ongemthetho).

Uthe, uPhiko olusungulwe kabusha lokubhekana noMnotho ongemthetho, olwalubhekene nezenzo ezingemthetho ezifana nokushushumbiswa kukagwayi, ukungeniswa kwempahla ezweni ngokungemthetho, izimpahla ezingombombayi, njll., lusebenzisana ngokubambisana namanye ama-ajenti esibambisene nawo afana ne-NPA, kanti bese iqala ukubonakala inqubekela phambili. Lokhu kwenze inani elingu-R 2.6 billion wentela etholakale kusukela mhla lu-1 kuMbaso wezi-2019.

“Yize ukutholakala kwemali engenayo kubalulekile ekulwisaneni nomnotho ongemthetho, sesiphinde sanyusa imizamo yethu ekubambeni nokususa imikhiqizo

engemthetho ukuze iyeke ukuzungeza, lokhu okuphazamisa ukusebenza kwalabo abaqhubekayo nokungayishayi ndiva imithetho nemithetho-nqubo yethu.”

Uthe inhloso yabakwa-SARS ukuwuqonda kangcono umnotho ongemthetho, ngokwenza njalo, bazokwazi ukusungula umthamo ofanele wokuqinisa izinhlelo ezikhona ezibhekana nalokhu ngokomyalelo wakwa-SARS.

Kubalulekile ukuthi silwisane nezenzo ezingekho emthethweni esezithathe ingxenye enkulu yobugebengu obungemukelekile. Abakwa-SARS, njengabaqaphi bolwazi oluyimfihlo, babone ukunyuka okukhulu ezenzweni zobugebengu obubhekiswe ezisebenzini zakhona, okubandakanya ukwebiwa kolwazi oluyimfihlo nomathangeni (ama-laptop). Kukho konke lobu bugebengu obenziwayo izinhlelo zethu azikonakali kanti nolwazi lwethu lusasemi ngomumo futhi luvikelekile. Ngalokhu, kuyacaca ukuthi zonke lezi zenzo zobugebengu kumele kubhekwane nazo, ziqedwe.

- Ungakwazi ukuthola inkulumo kaKhomishana [lapha](#).
- Ukuze uthole izethulo ngomnotho ongemthetho okwabelwane ngazo ngoSuku lweMinyango wokuThelisa lwamaZwe oMhlaba, [cofa lapha](#).